

ISIKHATHI SENTELA 2019 - ABAKWA-SARS BATHATHA ELINYE IGXATHU EKUTHUTHUKISENI USIZO ABALUNIKA ABAKHOKHINTELA

Pretoria, 4 kuNhlanguala 2019 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) selithuthukise uhlelo lokuthumela amaphepha entela nge-inthanethi nangokusebenzisa i-eFiling egatsheni lakwa-SARS ngokwethula amasu ambalwa athokozisayo kulesi siKhathi seNtela sonyaka wezi-2019 ukuze kube lula kubakhokhintela ukubuyisa amaphepha entela.

Lawa masu abandakanya ukukhishwa kwezaziso eziqondene ngqo nabakhokhintela eziveza ukuthi yimaphi amadokhumenti adingekayo uma kwenzeka kudingeka ukuba kwenziwe ucwaningomabhuku noma ukuqinisekiswa okuthile kanjalo nomphumela wokulinganisa okhishwa ngaphambi kokuba umkhokhintela athumele amaphepha entela.

Okuphokophelwe ngalezi zinguquko ukuthi kuthuthukiswe usizo olunikwa abakhokhintela, ukunyusa isibalo sabashintshela ekusebenziseni imigudu ye-inthanethi efana ne-eFiling kanye ne-SARS MobiApp ukuze kube lula ukubuyisa amaphepha entelangeniso (okungafaki ukubuyiswa kwamaphepha entela kwabakhokhintela besikhashana), kanjalo nokuthuthukisa izinga lokwazi ukubona labo abangathobeli.

I-SARS MobiApp ethuthukisiwe izokwenza kube lula kakhulu kunakuqala ukusebenzisa i-smart phone ukuthumela amaphepha entela ngenxa yalezi zinto ezilandelayo ezintsha futhi okulula ukuzisebenzisa:

- ukuhlwaya kalula
- ukwethulwa kokuqinisekisa ngokusebenzisa imilobo yeminwe *i-biometric*
- ukufakwa kwe-*one-time pin* ukwandisa ukuphepha
- ukwazi ukulungisa igama lomsebenzisi (*username*) kanjalo negamamfihlo (*password*)
- imibuzo yokuqinisekisa ukuphepha
- Ukufakwa kukhompuyutha nokuthunyelwa kwamadokhumenti ngekhompuyutha.

Omunye umgudu osebenzisa i-inthanethi i-eFiling nayo ithuthukisiwe ukwenza kube lula ukuhlwaya nokusebenzisa imisebenzi edingekayo uma ubuyisa amaphepha entela, ukuthumela amadokhumenti esekelayo nokukhokha kanjalo nokusebenziseka okuthuthukisiwe kwesiphequluli.

Kulonyaka, abakhokhintela abafanelekayo NGAYO YONKE INDLELA AKUDINGEKI ukuthi bathumele amaphepha okubuyisa intela:

- Uma isamba sengeniso lonyaka ngaphambi kokubanjelwa intela lingaphansi kuka-R500 000
- Uma uthola ingeniso KUMQASHI OYEDWA unyaka wonke wentela.

- Uma ungenayo enye indlela ENGENISA IMALI (isib. imali oyinikelwa imoto, izinzuzo ezengeziwe zenkampani, imali engena ngebhizinisi, inzalo etheliswayo noma imali engena ngokuqashisa noma ingeniso elivela komunye umsebenzi)
- Uma zingekho izicelo sokukhokhelwa kunoma yiziphi izimali ezibanjwayo ezihlobene nentela (isib. izindleko zokwelashwa, iminikelo yesikhwama somhlalaphansi, izindleko zokuhamba).

Ukuze sinciphise ukuvakashela emagatsheni akwa-SARS izikhathi eziningi kungenasidingo, abakhokhintela okungadingeki ukuba bathumele amaphepha entela bazothola umyalezo ovela kwa-SARS ozobukeka sengathi bawathumele amaphepha abo entela. Umkhokhintela angawemukela lo mphumela noma afake ulwazi lwakamuva bese eyathumela amaphepha entela.

Isikhathi seNtela sonyaka wezi-2019 siqala mhla lu-1 kuNcwaba kubakhokhintela ababuyisa amaphepha abo entela egatsheni lakwa-SARS.

Kodwa-ke, abakhokhintela abaya egatsheni lwakwa-SARS bazokhuthazwa ukuba babhalise basebenzise i-eFiling ne-MobiApp. Uma sebebhalisile kulemigudu emibili ye-inthanethi izisebenzi zethu zizobe sezibakhobisa ukuthi isebenza kanjani le migudu ye-inthanethi ukuze bathumele amaphepha okubuyisa intela kalula. Abakwa-SARS bazohlinzeka abakhokhintela abasebenzisela i-eFiling noma i-MobiApp nge-*wi-fi* emagatsheni abo.

Abakhokhintela ababhalisele ukusebenzisa i-eFiling noma abakwaziyo ukungena ku-MobiApp bangabuyisa amaphepha abo okubuyisa intela kusukela mhla lu-1 kuNtulikazi ngokusebenzisa yona le migudu.

Izinsuku zokuvalwa kwesiKhathi seNtela zimi kanje:

31 kuMfumfu 2019 uma amaphepha entela uwabuyisela egatsheni.

4 kuZibandlela 2019 kubakhokhintela abavulelekile abasebenzisa i-eFiling ne-MobiApp.

31 kuMasingana 2020 kubakhokhintela besikhashana abasebenzisa i-eFiling.

Abakwa-SARS babonga bonke abakhokhintela abagcina izibophezelo zabo zentela. Sisaqhubeka nokuzibophezela ekuqhubekeni nomsebenzi obalulekile wokuqinisekisa izinga eliphezulu lemigomo yentela kanjalo nokujwayela ukuthobela ngokuzikhethela. Sizohlomisa umkhokhintela ngolwazi olubalulekile:

- Ukuqonda izibophezelo zokukhokha kwabo intela,

- Ukwenza kube lula ukuthobela, futhi

- Uma kunesidingo, avumele abakwa-SARS bakwazi ukuthatha izinqumo futhi baphoqelegele ukuthobela

Ngokubambisana nabo bonke ababambiqhaza, abakwa-SARS bazoqhubeka nokuzinikela ekwakheni umbuso wentando yeningi ekhuthaza ukukhula komnotho okuzinzile nokuthuthukisa umphakathi okudingwa yiyo bonke abantu baseNingizimu Afrika.